# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Eksawudi, ngomhla ka 20. 05. 2012 28/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 13/23

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga ngokuba uthembisile ngomprofethi wakho ukuthi uyakwenza isivumelwano esisha nabesizwe sakho ngokubhala umthetho wakho ezibilinini nasezinhliziyweni zabantu bakho ngokuzambulela kubo, nangokubathethelela izono zabo. Siyabonga, ngokuba ugcwalisile isithembiso sakho ngokuthuma iNdodana yakho emhlabeni ukuba isilungisele intethelelo epheleleyo ngokuzalwa, nangokufa, nangokuvuka kwayo, ngokusimisela izwi lokhu kubuyisana, nombhapathizo, nesidlo somzimba negazi layo, nangokuthululela uMowa oNgcwele sobala emkhosini wePhentekoste ukuba abe ngumfundisi, nomluleki, nomduduzi wethu ngezwi lakho elingcwele. Nkosi, vula amehlo ethu, nezindlebe zethu ukuba siqonde izimangaliso emthethweni wakho osambulela wona entabeni yaseSinayi, nakuwo esiwambulelwe entabeni yaseGolegotha, yaseSiyoni, oqalile eJerusalema ukuyiswa emazweni onke, nasezizweni zonke ngentshumayelo yokuphenduka neyokuthethelelwa egameni likaJesu. Mawusizwe ngenxa yakhe. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 3:14-21;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Johane 15:25-26; 16:1-4.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo kuJeremiya 31: 31-34, lithi: "Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu kaIsrayeli nendlu kaJuda, kungenjengesivumelwano engasenzayo nawoyise, mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibithe, isivumelwano sami abasaphula noma ngangiyiNkosi yabo, usho uJehova. Kepha yilesi esiyisivumelwano engizakusenza nendlu kaIsrayeli emva kwalezozinsuku, usho uJehova: ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe-nguNkulunkulu wabo, bona babe-ngabantu bami; abasayikufundisana, kube yilowo nalowo umakhelwane wakhe, kube yilowo nalowo umfowabo, ngokuthi: Yazi uJehova, ngokuba bonke bayakungazi, kusukela kwabancane kuya kwabakhulu babo, usho uJehova, ngokuba ngiyakuthethelela ububi babo, nesono sabo angisayikusikhumbula." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, lonyaka siyasizwa isithembiso sokuthenjiswa isivumelwano esisha ngesonto elithiwa Eksawudi. Ngaphambili salizwa lelizwi ngosuku lokumiswa kwesidlo seNkosi. Ngaloluyasuku kwaqiniswa ukuthi lesisithembiso sikaNkulunkulu sagcwaliswa ngokumiswa kwesivumelwano esisha ngokufa nokuvuka kweNkosi uJesu, nangokumiswa kwesidlo esingcwele somzimba kaKristu, negazi lakhe eliyigazi lesivumelwano esisha elithululelwe thina kube ngukuthethelelwa kwezono. Namuhla ngesonto elithiwa Eksawudi, eliyisonto lokuzilungisela umkhosi wePhentekoste, eliyisonto lokucela kuNkulunkulu ukuba asizwe, asabele uMowa oNgcwele, isonto lokukhumbula izithembiso zeNkosi uJesu athembisa ngazo engakenyukeli ezulwini ukuthi uzothuma uMoya oNgcwele kubafundi bakhe, ngesonto lanamuhla **isithembiso sesivumelwano esisha siyachazwa kakhulu ngokuhlanganiswa nesipho esikhulu sikaMoya oNgcwele.** Siyezwa ngaye uMoya oNgcwele ukuthi

1. nguye oyiSipho esikhulu sesivumelwano esisha;
2. nguye onguMfundisi impela wesivumelwano esisha;
3. nguye onguMduduzi wesivumelwano esisha.

**1. UMoya oNgcwele uyiSipho esikhulu sesivumelwano esisha.** UNkulunkulu wenze isivumelwano nabantwana bakwaIsrayeli entabeni yaseSinayi, wazibopha ukuba abe iNkosi noNkulunkulu wabo, kodwa bona babeqa isivumelwano kaningi, nangemikhuba eminingi. Izwi lanamuhla lithi: "Basaphula isivumelwano sikaNkulunkulu, noma wayeyiNkosi yabo," noma uNkulunkulu ekhulume nabo kaningi ngokubathumela izwi lakhe ngomlomo nangesandla sabaprofethi. Ngakho uNkulunkulu uthembisile ukwenza isivumelwano esisha nabo, singabi isivumelwano somthetho wakwaSinayi, kodwa sibe isivumelwano somthetho wentaba yaseGolegotha, yaseSiyoni, yaseJerusalema. Yiso isizathu esenze ukuba iNdodana kaNkulunkulu ize, ifele entabeni yaseGolegotha esiphambanweni, isimisele ukuba siphuze igazi layo eliyigazi lesivumelwano esisha esidlweni sayo. Igazi likaJesu esiliphuzayo esidlweni seNkosi lihlanganisiwe noMoya oNgcwele, uma sizwa

izwi ku 1 Kor. 12:13 elithi: "Thina sonke saphuziswa-Moya munye." Kwathi uJesu esemisile isidlo esingcwele wakhuluma amazwi amaningi okuthembisa ukuthi uzothuma uMowa oNgcwele njengalo elithi: "Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye uMduduzi wokuba ahlale kini phakade, uMoya weqiniso." Esevukile uJesu weza kubafundi bakhe, "wabaphephetha, wathi kubo: Yamukelani uMoya oNgcwele. Enibathethelela izono zabo bathethelelwe, nenibabamba ngazo babanjiwe." Ngomkhosi wePhentekoste uMoya oNgcwele wathululelwa kubafundi bakaJesu ngendlela emangalisayo sobala phambi kwamehlo ebandla elikhulu, wabonakala kubo ngesimo sezilimi somlilo, wezwakala njenhlokomo evunguza komoya onamandla eJerusalema. Ngalolusuku kwakhulunywa nesithembiso esikhulu esihlanganisayo isipho esihle esinguMoya oNgcwele nombhapathizo egameni likaKristu, kwathiwa: "Phendukani, yilowo nalowo abhapathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Ngalawomazwi kuyezwakala kahle ukuthi isipho sikaMoya oNgcwele siyahlanganiswa nezwi lentethelelo yezono, nombhapathizo, nesidlo seNkosi. Kuqinisile! UMoya oNgcwele uyisipho esikhulu esikhathini sesivumelwano esisha ebandleni likaKristu izwi likaNkulunkulu elishunyayelwa kulo ngokuyikho, namasakramente abelwa kulo ngokwesimiso sawo.

**2. Futhi uMoya oNgcwele unguMfundisi onguye esikhathini sesivumelwano esisha.** Nguye ofakayo umthetho kaNkulunkulu ezibilinini zabantu, owubhalayo ezinhliziyweni zabo ukuba baqonde, bavume ukuthi uNkulunkulu onguye unguNkulunkulu wabo, nokuthi bayisizwe sakhe. Uma sibheka kuphela amazwi alesisithembiso kumprofethi uJeremiya kwenzeka ukuba umuntu acabange ukuthi uMoya oNgcwele wenza lomsebenzi wakhe omkhulu, ungathi uyawenza nje, kodwa thina Maluthere siyazi kahle ukuthi akawenzi nje lomsebenzi, kodwa uyawenza ngokusebenzisa izwi lakhe, nombhapathizo, nesidlo seNkosi. UMoya oNgcwele uyasebenzisa izwi lomthetho ukuba abantu baqonde izono zabo nokulahleka kwabo. Futhi uyasebenzisa izwi levangeli ukuba abantu bazi uthando lukaNkulunkulu, bezwe ukuthi uJesu wamisa ukubuyisana phakathi kwabo noNkulunkulu ngokufa kwakhe. UMoya oNgcwele uyasebenzisa umbhapathizo egameni likaNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele ukuba abantu bazalwe ngokusha ngamanzi nangoMoya. UMoya oNgcwele uyasebenzisa izwi lentethelelo egameni likaJesu, nomzimba kaKristu, negazi lakhe ukuba baqiniselwe ekukholweni kokwethemba ngenhliziyo yonke ukuthi bathethelelwe izono, bamukelwe nguNkulunkulu ukuba babe ngabantwana bakhe. Ngalendlela uMoya oNgcwele uholela abantu eqinisweni lonke, futhi uyabahola kulo. Akakhulumi ngokwakhe, kodwa uyakhuluma lokhu akuzwayo kuKristu, uyababikela okuzayo. Uyakhazimulisa uKristu. Uyabikela abantu akuthathayo kukho okukaKristu. Ngalendlela uMoya oNgcwele unguMfundisi weqiniso esikhathini sesivumelwano esisha. Kanjalo nathi asisafundisani ngakho okwethu, kodwa okufundiswayo ebandleni likaKristu esikhathini sesivumelwano esisha kuyikho okwambuliwe nguMoya oNgcwele ezwini lakhe.

3. Ngalendlela futhi yena **uMoya oNgcwele unguMduduzi weqiniso esikhathini sesivumelwano esisha.** Uyaduduza abantu besivumelwano esisha ngokubambulela ukuthi "UNkulunkulu uyabathethelela ububi babo, nesono sabo akasayikusikhumbula." Ekuhluphekeni kwesono, mhla sehlelwa ngunembeza ngenxa yaso, asikwazi ukuziduduza ngokwethu, kodwa siyaduduzwa ngakho esikwenzelwe nguNkulunkulu. Asikwazi ukwazi induduzo ngakho okwethu, kodwa siyatshelwa ngezwi likaMoya oNgcwele ukuthi uNkulunkulu wethu onguye ungubani. Yiyo induduzo eyonayona impela, eduduzayo impela. Yikho esikuvumayo esivumeni sobuKristu, sithi: SinoNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele. Ngaye sinokuthethelwa kwezono. Ebandleni likaKristu siyathethelelwa izono ngezinsuku zonke kanye namakholwa onke. Kulelibandla sinethemba lokuvuka kwabafileyo nokuphila okuphakade. Ngokusambulela konke lokhu ngezwi lakhe uMoya oNgcwele unguMduduzi weqiniso impela esikhathini sesivumelwano esisha.

Ngithi: Ngalendlela sibonile ukuthi izwi esasilijwayele ukuthi lihlanganisiwe nokumiswa kwesidlo seNkosi esingcwele, lihambelana kahle nalo futhi isonto lanamuhla eliyisonto lokuzilungisela umkhosi wePhentekoste, size siqiniselwe ngokuyikho ekwazini ukuthi silungiselweni nguMoya oNgcwele oyisipho esikhulu sikaNkulunkulu, noMfundisi, noMduduzi wethu onguye impela, ngokuba usambulele ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi noMsindisi wethu, uyasifundisa ukuba simazi uJesu, uyasiduduza ngokusambulela esikwenzelwe nguJesu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba wasithembisa uMoya wakho oNgcwele. Mawusisize ukuba samukele isithembiso sakho ngokukholwa, sizilungisele ngokudabuka ngezono zethu, nangokukholwa ukugubha umkhosi wePhentekoste ngentokozo enkulu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 130/112

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2006 ngu-E. A. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.